ISIMEMEZELO.

Kwaziswa bonke abantu ukuti umhlangano omkulu kaCongress obuhlangene eMgu'ndhlovu ngoMarch 28, unqume ukuba kutunyelwe amaNxusa pesney aye kokwenekela ubukosi baseNgilande izindaba zenhlalo yabantu kulelizwe. Nina enazana namakosi nanamumzane abangatoli ipepa bazisemi.

Nosiza nokotjumela amakeli eposi amakosi asezifundeni zangakini kuJohn L. Dube, Ohlange, Phœnix, ukuze aw bhalele.

Inhlangano ikete oDube noMsane ukuba amaNxusa. Kaulezani nitumele imali kuJohn L Dube Ohlange, Phœnix yena uyoyibika ezinhleni zeLanga yetulwe kuChief C Lutuyi kanye nebandhla elipete uCongress.

Kudingeka babambe kona manje. Kubhekeke emakosini nabantu ukuba benze iziqwabo nompako wabo.

LANGA LASE NATAL.

Ukupela kwepepa laseNatal elipuma masonto onke ngesiZulu nesiNgisi. Limele amalungelo abanto nokwakeka kwesizwe ezisekelweni eziqata.

Likokelwa ngonyaka pakati kwe Union,

Ngonyaka 13/-

Ngezinyanga ezisitupa 6/6
" ezintatu 3/6

Ngapandhle kweUnion.

Ngonyaka 15/-
Ngezinyanga ezisitupa 7/6
" ezintatu 4/-

Izaziso zikokelwa kalula manje kanje:—

Uxwagena kanye 2/6 nge inch, ukupinda yinxenye. kube kube kablanu.

Ukungona kasitupa 2/- nge inch.
" ka 12 1/6 "
" 36 1/3 "
" 52 1/- "

Izincwadi zonpa zibeqondiswa kuMhleli weLanga, Ohlange, Phœnix. Imali iboqondiswa kuKev. J. L. Dube. Izincwadi zonke zibotunyelwa kanye negama nekeri lomtumeli noma engatandi. ukuba livele igama lake kobe ukwazi koMhleli. Asiboshwa ngokushiwo ababhaleli.

ISAZISO SOMKOSI.
"KUBALIMI."

Oqonde ukutola impahla yokulima unetuba elihle lokulobela eNative Market kuHENRY MKWANAZI ongaMenzi wezimpahla zesikumba nama yini yolungiswa ngokushesha ngalo isonto oyitumela ngalo uyakuyifica isikulindele eP. O. kini noma eStation futi.

Nakubalisa nezintokazi abaqonde ukutola amaBelta apambili nomi Platting. Belts, nokuningi okuncane.

Tumela Masinyane ku:—

H. MKWANAZI

Harness Maker.
aNtive Market,
Victoria Street.
Durban.

Ubufakazi buqinile.

Ngiyatokoza kakulu ukuba ngizwe ngemiti kaJohnston seku isikati eside ngagula Besisifo esasingipete sase sehlule oDotela nawo wonke amaKemisi ngingalutoli usizo bodwa ekuzweni kwami ngemiti kaFleming Johnston ngati ake ngilinge. Ekudhleni kwami amabhodhlela amabili ngezwa sengitola ukupila masinyane, kuze kube namhla ngizizwa sengisecupilweni emnandi netokozisayo. Ngakoke ngiyasazisa izihlobo zami ukuba zinobutakataka zingaziputuma kwaFleming Johnston Umkemisi odumileyo wabantu, Box 68, Durban. Ngiyaqinisa ngemiti yake ukuba unemiti impela, imiti yake ngiyayincoma kuko konke abagulayo ukuba bazipatume bayotola ukupila.

Yimina,
BENJAMIN ZONDI.
319, Bulwer Street,
P. M. Burg.

Isaziso ngoMtungi.

Kufuneka intombazane oma ubani oyingoweti yokutunga izingubo zesifazane kahle. Lobela noma aizizele

kwaNGOBAMAKOSI,
106, Field Street.
Durban.

KUFUNWA

Umuntu wokusebenza esitolo owufundile umsebenzi.

Buzani ku,
E. PEROTTI,
VRYHEID.

Kufunwa.

Umcindezeli opambili owazi kahle umshini nako konke kwase Printing Office lapa Ohlange.

LANGA LASE NATAL

Olwesihlanu September 12, 1919.

UBES PATELENI uGEN. BOTA?

AKUKO noma sidabukile ukuba uGen. Luvisi Bota uMpati NdaBo Zabantu, ashone sisenctemba lokuti uzovezela abeParamede okuyikona ebuye pesheya ekopatele iNdhlu Emnyama. K akungeke kwenzeke ukuba abuye engalaywanga ngaluto maye lana nati; ngoba bakona lapa eSouth Africa abelungu osekubakanyele esihlala sikutsho kokuti kuhle sibe nezwi ekwenziweni kwemiteto esipeteyo Isihlobo setu esikulu uSir Marshal Campbell wayevama ukugcizelela kulelizwi njengoba nomlingane wake uMr Maurice Evans kusa etsho. Nesihlobo setu uMr. Schreiner, osanda kufa pesheya, wab'ekomba lona lelizwi. Besihlezi sibhekile ukuti lizopuma izwi lesikundhla setu esizobekwa kuso kuGen. Bota, njengoba engumlomo wabantu kuyo yonke imikandhlu ekade iqulwa pesheya ekuhlelweni kwezinto ngokusha. Neko pala sidabukile oGen. Smuts ubenayi uBota pesheya ukwazi konke uBota ukuya ehoe ukukwenza, esetemba naye uzovezela izwe isikundhla esizopatwa ngaso emva kwako konke loku osekwehlile.

Ubandhlulolo lwebala.

EMITASHENI YEGOLIDE.

Kusihlaba umxwele ukufuuda umzwi kaCol. Pritchard awakulume pambi kwebandhla elisingete udaba lokusetshenzwa kwezimayini eGoli. Uti izinto zinibili ezibonakala zipambi kwezwe, ukuba bahlale pezu kwotaba evuta umlilo sekosondele usuku iqume. noma baqede ubandhlulolo kubantu, iningi labo eliwuqonda kangcono umsebenzi kunobasi babo ababemelayo ezimayini. Umqondo uyaqubeka nsatshana abasebenzela uHulumeni sebensibindi sokukuluma kwabakubo ngohlobo olunje. Nempela uHulumeni ngakumkanyela ukuti kuzo zonke izinto ezipatelele kubantu ezibabandhlulula ngombala wabo, zincipise amalungelo abo, zibanyinye enkululekweni yabo, kuyingozi loko; njengoba sake sabonisa kona lapa ezinhleni zeLanga sati, imfumbe ifufusa ifufuse ize iqakaze. Lezi zigigaba uHulumeni ade ezitela ngamanzi zokudikila umsebenzi abantu, likona ilanga lapo zofana nomlilo wequbula, zingasenakubhuleka. Okuhle kakulu ukuba balalele amadoda akubo azi abantu anjengo Mr. H. M. Taberer noCol Pritchard, akade bayihlola indaba yokusebenza kwabantu emitatsheni; tinake sidhlulele pambili, siti alupele ubandhlulolo kuzo zonke izinto eziqondene nenqubeko yabantu Silapa eSouth Africa nabelungu kufanele kuzo zonke izinto ezipatelele emisebenzini yetu nabo sizwane, singaqubushani; ngoba loko akusoze kwasiza noma omnyama noma omhlope. Kepa kungakubo abamhlope ukuleta loku kuzwana, ngoba amatomu okubusa apetwe yibo. Abamiqondo mifupi pakati kwabelunga bahlala becabanga ukuti nxa amaKafala sihlezi pezu kwawo socuna, kanti baqambe batshilo, abantu laba ungebagibele bengehashi; ungagcina ngoba bakowise. Lalelani uCol. Pritchard, nisuse isigomazana lesi esisicunulo kubantu, izwe lizohamba kangcono.

Ezaneno naPesheya.

Izindaba ezifika noNyuzipepa abapuma eMeleka ziti ivukile iizondo pakati kwabamhlope nabamnyama baseMeleka. Abamnyama balangiselela ukuba bavukele abamhlope, babasbaya bababhnqe esiqingateni sase Georgia, ngoba babamba omnyama bambulala engatetelwe cala, babuye bashisa izindhla zamasonto. Sebetumele nezwi eNdhlini engenhla yombuso beti, nxatshana uMbuso ungayipete ngokuhlakanipa lendaba kuzosuka iziyalu.

o o o

AmaIndia lawa ayasidhlula ngokwazisa ababoli bawo. Lonke izwe lgcwele is lilo samaIndia ngokushona ababoli bawo uMr. Hajee Dawad Mahomed Abetu sibajikijela ngamatshe, size sijikijele namatuna abo Natal yena iNkosi ingabusisa!

IPARLAMENDE.

Ingenile iParlamende [illegible] lwesiHlanu ohdhlule. Lyabi[illegible] Lord Buxton ngokuko[illegible] indawo, kwabe kusebala ukuti [illegible] hyakala ngomfi uGen. Botha [illegible] engamhlalisihlalo weParlamende. Loku kubutaaa kwalo okomuqtanda ndukwini ukuba kuzovexwa ngokupela kwempi nokusekela isivemelwan sokupela kwayo. Kuto kusangewanje indaba ebepambili kwaze uke[illegible] la uGen. Botha. Kuza'wardelwa nelaseWesi.

o o o

ABANGU HULUMENI.

Njengaloku setsho kwelidhlule [illegible] tf uLord Buxton ufike wabiza uGen Smuts ukuba ake abangaHulumeni bala wavuma. Uvamise ukubiza [illegible] abakade besebenza noGen. Botha Bemi kanje:—Gen the Right Hon J. C. Smuts, Prime Minister, Minister of Defence, and Minister of Native Affairs.

Hon. F. S. Malan, Minister of Mines and Industries and Minister of Education.

Hon. H. Burton, Minister of Railways and Harbours.

Hon. N. J. de Wet, Minister of Justice.

Hon. Sir Thomas Watt, Minister of the Interior and of Public Works and of Public Health.

Hon. H. C. van Heerden, Minister of Agriculture.

Hon. H. Mentz, Minister of Lands.

Hon. T. Orr, Minister of Finance and Minister of Posts and Telegraphs.

Hon. Sir J. A. C. Graaff, Minister without portfolio.

Labake yibona abangaHulumeni kuze kuketwe ngonyaka ozayo. Bayingxube yezigaba ezimtili zeSouth African Party namaUnionists ababehlanganele isikati sempi.

o o o

uHERTZOG eNATAL.

Ukupumela kukaGen. Hertzog ebangane bake eDurban kwaba ukupumela ezizweni ngoba iTeka lalingafanelanokumbona ngangoba ngapandhle kwezihlobo eziyingcosane abatakazelwanga muntu. Ngenxa yoloko banyenyiswa ngezimoto baya eMgu'ndhlova kapbetemba ukuti umoya uzobangcwele loku kuseduze nendawo yamaBhunu yaseMgu'ndhlovana. Kepa nakona lapa kwabe bake pansi ngoba izinsizeZeNkisimana zamtungatisa okwezemazane zifuna ukumdhlela indhlala zimjukujele rangamaqanda abolileyo.

Po iqili eliuHertzog lapuma ngemunyango ongemva bati beti ubeseubelapa waeseshaye waçita wayokwa esiteshini esincane esebange eFree State lapo efike watokozelwa wahalelselwa.

o o o

AMA ALLIES neGERMANY

Kuyalotshelwana futi kanzima ama Allies neGermany. amaAllies [illegible] ukwenza kweGermany ukuba libe nmteto wokuti iAustria lizeba nesibalo ezindabeni nomPakati eGermany, loko amaAllies ukubaba ukuyitshe limi ngoti. osengati loko kuzonika amandhla amakulu kwelaseGermany.

AYAQUBUKA FUTI

Usupelile umteto, wekuciya ang Jalimana ekutengiseleni namaAllies okungukuti. sezizantengwa izimpahla zakona nakona kutengiswe. Kepa akuqondakati loku kwabe sekufungwe kwagatshelwa ukuti akuyi kutengelwana nabo kuze kupele iminyaka emihlanu kupele impi.

o o o

ISHILO SOMFI uGEN. BOTHA eLONDON.

Ukuba uti umuntu esdile abayebone okulapa emhlabeni angabe uyabona umfi ukuti kanti ubenakulu kangaka etandeka kubantu bakulu nabaPesheya eNgilande. Kwenziwa inkonzo enkulu ngoSept. 4 eWestminister Abbey lapo kwagewala abantu beshe ugezimnyama zokuzila Kwangena ikwaya elifake ezibonwa betsho ngamnandi amazwi kwanatshwa kwakulekwa kwaba omkulu umkosi ongayikukohleka isikati eside. Kwabe kukona lapo esqutweni izikulu eziningi nezihlobo zeSouth Africa.

o o o

AMABOLSHEVIK.

Noma engakateli ngokuhlaya kasobala ukuti iya nayo kumaBolsheviki ngoba umuzi omunye futi waseKiel okade uscanhlheni zawo usudhliwe ngamaAllies.

o o o

ONGAPESHEYA UNGAPESHEYA!

Kukona ukuka'a nokusola okokuti ngenxa yokusveleka kwemikumbi evela pesheya yokututa abantu. Kutiva kukona izinkulungwane zabantu esekade zayitela imali yokuwela kepa aziyitoli indawo yokawela ngenxa yezitimela eziyingozana. Sekukona ukuhlupeka okukulu. Nabakiti laba abawelayo uje bengamaNxasa asazi ukuti ba oti bepi batolegamalungele okubuya umu sebefeze umsebenzi wabo loku kuyoqalwa ngokungeniswa abelungu labo abakade balinda. Kanjalo njalo kobabazeka ukubiza kwezinto Pesheya katilesi.

UKUJIYELA EQOLO.

Ukujiyela eqolo kungelashwa ngokugcoba ngesigcobo sikaChamberlain kubili noma katatu ngosuku uhlikihlise uqipise. Sitengiswa yibo bonke abatengisa.

[illegible] NABANTU.

[illegible]

Notice

[illegible]

Ezase Mhlabeni.

(Kuk' SOMFUNGANA.)

[illegible]

o o o

[illegible] Funda [illegible] lapa [illegible] 16, 17, 11. Ugzine lapo [illegible] sisindi sini lapa eMhlabeni [illegible] "Kanjalo, qa [illegible] ngeziodhlela zabalu" Kaneli Mr. J. B. Meunu.

o o o

[illegible] ukuti asihambele enyangeni yini Mabeli? Ngitsha ngoba naku isate nya. Izgiva lezo, awabe 'ezimke uXolu [illegible] zonke yini na?

o o o

Lei izulu lingomisa kwomise umsindo de yokuti kakatinme inbedumeni [illegible] eZulwini [illegible] Qa, zihlobo musani [illegible] ngoba tizwa kativa [illegible] J. Nxaba [illegible]

o o o

[illegible] ngoba amahlati kade [illegible] usazesuka. [illegible] amazwyo okunafindisa [illegible] Nonxa abantu [illegible] ngezitebe kuncane [illegible]

o o o

[illegible] iyisimangalise [illegible] nezukuku zolwa lezo [illegible] ngezibeko zizofuna ukudhla [illegible] Hle [illegible] aba!

o o o

[illegible] ngiza ngingaka [illegible] Kuta, Sabuna [illegible] kwoyise [illegible] ukuyinbeya, kodwa [illegible] Iwayo. Ngenxa [illegible] ezinye izizwe akuko [illegible] okangangogwesizwe saki[illegible] Ypi ama abesifazane bakiti ba[illegible] ?

o o o

[illegible] (G. M.) [illegible] ngoba esizwile ukuti ngu[illegible] bengwangqane Ye[illegible] eMelikan [illegible] Siyonza [illegible] pakeza indlo[illegible] oyasendela. Woze nangane. [illegible] ika kabi iko lelo:

o o o

[illegible] kunto wasetidi ukuba [illegible] ezengekona, pela siyatanda [illegible] ngoba abantwana betu [illegible] amaN. K. Z. bangabe [illegible] nanya. Pambili ke wena [illegible] ?

o o o

Ngiyabuza ngoba uMr. J. B. Meunu, esendisiwe ukuti ukuseta [illegible] nokulabelisa kubi. Uyi[illegible] Mrs. Hawkins ngokudelisa [illegible] ngoba nayo yayigweba ize [illegible] nkuva.

o o o

[illegible] wesha songati unga[illegible] kahle kubantu bakude [illegible] ngwakale kahle, ngo[illegible] nokuhamba kwa[illegible] ngoba usadinga [illegible] Abanye abafenyi [illegible] besadinga ukuti [illegible] ngiti banga [illegible] ava bengati mhle [illegible] bacbange [illegible] ezindhle[illegible]

o o o

[illegible] "Mhabeni" songati[illegible] ngoba [illegible] abangaba aba[illegible] yabe kahle, [illegible] [illegible] Mabeni!

[illegible] yabantu ngo bantu.

[illegible]

AMAHLUBI.

Njengokuba namhlanje ngitanda ukuveza indaba yesizwe sas'emaHlutshini ngojabula ukuba baze bati bonke abasi ebubako nokuma kwamaHlubi bangelekelele, kuti kapa ngiwa kona bangipakanise bangivese, ukuze indaba ihambe kahle. Akumoni ngaluto umuntu ukuponsa lzwi lapa omunye ekubeka kona. Niyazi pela ukuti ngike ngazama ukuni xoxela, nginilandisa ukuma kwezizwe zakiti, ngizama ukuzilandelisa zonke ngaononina. Kepa, ngoba engeko oyisezi nengqapeli yezizwe ngezizwe zika Nkulunkulu kungaba kuhle ukuba ati equba omunye bebemsekele abanye bakubo, kona kuyaugcwaliseka okuhle kwetu esikwenzayo, inxa sisekona kulo'mhlaba esidalelwe pezu kwawo. Musani nina, bakiti, ukubhekisisa kulo ku ukupatwa kwetu dedengu yilezi yilezi zizwe ezifike sakile. Kuyekeni loko nibukisise ibala nemisebenzi yabo ubunjani bayo; niqapele izinwele zabo ukwahlukana kwazo kwezetu; nibhekisise amakala nemibombo yabo nezindebe zemilomo yabo. Futi ningamangala kanjani? Sikona yini isizwe esinqotshwa qede sibuye sibe nomqanana pezu kwesisinqobileyo na? Qa, asiko esinjalo. Kocwa inye into esikalisayo: ukupatwa kwetu dedengu, kuti lapa sikala kona singabonelelwa njengezinye izizwe ezimklope njengabo. Nakuko loku masingakubuki siti nqa. Ikona inkati uSomandhla ayakusikulumela ngavo emakosini etu. Akuyi ngendhlu zula nangezikwepa, kuya ngomusa nokutoba, nangokuzama ukwenza oku hle ekuhambeni. Sesisikulu namuhla isikati sekuciteka kwamaJuda ezweni lakubo. Kenje ngubani owabe azi ukuti ayakubuyisetwa ezweni lakubo ngalempi enkalu ebe ilwa kulezi zinsuku na? Ngiti amandhla nobukosi eMenzi wetu kako noyedwa owaqonalayo. Ngaloko nati ngasikulekela ukuyisetwa okuhle kwetu, loku nati sadalwa ngakudalwa kunye njengezizwe zonke ezipansi kwelanga.

Umlungu wahlukene kude nomuntu, njengelanga nemhlaba. Kakonzeki, kapelnieki, ufana namarzi olwandhle wera ekugangenwa ngamanzi eminye imifula. Kungaloko abakiti abangapambili kwetu babuzile kubo bati, "Sitshelelani ukuba nina nikonzwa kanjani?" bebebuza ngoba bebabona bentshampuntshampu, bengangeneki mihla yonke.

Kumbulani ukuti uMenzi wetu usitanda sonke tina esingumsebenzi wezandhla zake, kakete mbala onjani nenjani. Kuhle nazi ukuti uyakusi kumbala nati ngolunye usuku, asenzele kahle, ame nati simtanda, simkonza ngesiminya. "Yena okuzwayo ukukuleka uokukala kwalabo abasuke bekuleka ngesiminya."

Ngalezi zindaba enginilandisa zona nziyazi nami ukuti uma nizidembesela kimi namuhla, ninganakile ukubut'imali yokuba zenziwe amabhuku abantabenu abasayikukwazi ukuhamba kwakini, sebeyakugcina ngokufana namaLawo, wosa engasakwazi ukuhamba kwakubo ukupela okwamaBhunu, awatatayo awayisa kwaMeoi Plazi. agcina ngokukohlwa nya ukuhamba kwakubo.

ISAHLUKO 1.

Inkosi yamaHlubi enkatini kaTshaka kwaku uMutimkulu kaBhungane kaNsele kaMashiyimahle. Kwabe kuyisizwe esinamandhla. Nakulowo mbango omkulu kaTshaka noZwide kalganga, mhla uTshaka etukutelele ukubulawa kukaDingiswayo, owabulawa nguZwide ehambele nje eye kuqomisa; kwabe lapo uTshaka ebesandukusuka kwaMtetwa, (lapo ondhliwa kona esabelekele uyise uSenzangakona). Yiwo amaHlubi ayilwileyo leyompi elekelela uTshaka. Kuzwakala ukuti yabe inkulu kakulu leyompi, uNdwandwe wabe enamandhla kakulu; kwabe kuti ngasopondweni, ohabambe amaHlubi impi yakwaNdwandwe, ibaleke ngakubo, ngaloko uTshaka wamaqoba uZwide inkosi eyabe inamandhla amakulu. Ukubizwa kwamaHlubi kwabe kutiwa "Iziyendane," ngenxa yokuba kwaku abantu abanezinwele eziyimiyeko, bengazitungi izicoco behlukile kaZulu. Futi kwaku abantu ababeshanga izwe lonke behambe betengisa ngemiti befuna impahla yezinkomo nezimbuzi, bengabantu abaseliyeyo. Leko kutsbanga kwabo ngokutengisa ngendungulu nemihye imiti kwaze kwenza ukuba babizwe ngokuti "abaRwebi", ngoba ukutengisa kwane ukuba kubizwe ngokuti ukuweba. Babekwintsha njengabeSuto, bengabhincisi okwakwaZulu kwakuhamba buze ngesinene nebhelesu.

ISAHLUKO II.
UKWAKA KWABO.

[illegible] abe akile eNgula petsheya kaeMzinyati, ngaseMgungundhlovana wamaBhunu (Utrecht) namhlanje akelene namaNgwe akwaMazibuko, laba bakaPutini kaMatshoba; [illegible] futi namaNgwane kaZikali eMaziwane. Inkosazana kaMazibuko udadewabo kaPutini wendela kuMuimkulu, wazala uDhlomo noMtetwa (owabuye wabizwa ngokuti ngu[illegible]galibalele: ngizakunilandisa lapa ngezansi isisusa sokuba uMtetwa abizane ngelelegama. Kepa amaHlubi [illegible] engahlangene namaNgwane. Kwahamba kumi ngokunjalo ukwakelana kwaze kwaze kwegcina ngokuveza [illegible] yamayala amabi pakati kwabe.